## *ENGAMENI LIKA ALLAH ONOMUSA ONESIHAWU*

### YINI UBU-ISLAM?

Ngokukhulu ukuzithoba, ngizothi qaphuqaphu nge-Islam, kanye nangezifundiso zayo. Sikhetha amabala-nje. Labo abafuna ukukhanyiselwa kabanzi ngabo bangathintana umlomo nomlomo noma ngezincwadi ne:

**ISLAMIC PROPAGATION CENTRE INTERNATIONAL,**
124 QUEEN STREET
P.O. BOX 2439
DURBAN 4000

Nantu uhla !wamagama ayincazelo yamagama esi-ARAB ozohlangana nawo:

ISLAM — Ukuthobela intando nemithetho engcwele ka-Allah ngokuphelele, ukuze siphumelele empilweni yethu yonke lapha emhlabeni nakwelizayo.

MUSLIM — Yilowo nalowo othobela intando nemigomo engcwele ka Allah. Ukuba yi-Muslim akubushintshi ubuzwe bakho, ungaba ngowanoma yisiphi isizwe, uma-nje uthobela imithetho kaNkulunkulu oPhezukonke uyi-Musli

ALLAH — uNkulunkulu, uMvelinqangi, uMdali wakhokonke.

# *INKOLO YENQUBEKELAPHAMBILI EMNENE*

Impilo yobu-Islam ingukuzuza i-"**Falah**", okusho ukuthi "ukuhlumelela nokuthelisa iziphiwo zokuzalwa" kumuntu ngamunye. Ngakho-ke iMuslim limele njalo ukusebenzela inqubekela-phambili — inqubekela-phambili esingethwe yisandla sokulunga futhi ikhanyiselwe wukuHola okuNgcwele.

## 1. UBUNYE BUKA ALLAH

Ngokwenkolo eshumayelwa kuleli yokufika, uMdali noma uAllah uhlukaniswa kathathu, isibonelo:

(a) uNkulunkulu uYise
(b) uNkulunkulu uNdodana
(c) uNkulunkulu uMoya oyiNgcwele.

Ngokobu-Islam lokhu kuyiphutha kanye nesono esingenantethelelo ngoba uAllah munye, angehlukaniswe izigaba, unguNkulunkulu oyedwa vo, ozimele geqe, kabambisene namuntu ebuKhosini Bakhe, kanankosikazi, nandodana nandodakazi. Angelinganiswe nalutho, "akukho lutho olufana Naye". "Akazali futhi Kazalwanga" UngowokuQala, UngowokuGcina, unguna-Phakade, kanaMngcele nasiPhetho, Ungu-Mninimandla, unguMaziwezintozonke, uSezindaweni zonke. UnguMdali wezinto zonke, unguMondli, weNamisa zonke izinto, unguMnini-kulunga, nguYe ophindiselela abangenamandla, aboniwe nabagqilaziweyo,

ngoba unguMvikeli wabanjalo, unoBubele, uneSihe, unoThando, unguMholi, unguMngane, unoDumo, unoBuhle uneQiniso. Ngokufuphi, unguMnini wakho konke okuhle.

## 2. UBUNYE BOMHLABA NAMAZULU

Ngokobu-Islam, ebuNyeni boMdali kudabuka ubuNye boMhlaba namaZulu, okusho ukuthi, ubuNye beNdalo nobuNye beNjongo: injongo Yakhe ekudaleni iZulu iseyiNye neyokudala Kwakhe uMhlaba, kantifuthi uku "Dala" Kwakhe ne"Njongo" Yakhe ngalokho akudalile kuyintoyiNye. Kungakho uMhlaba namaZulu kunoHlelo olungukuthobela iNtando Yakhe yokuLunga.

## 3. UBUNYE BESINTU

IMfundiso yobu-Islam ngeyokuthi sonke iSintu "sinyama-nye" — wumndeni-munye. Kunjalo-ke, abuvumelani nakancane nomqondo wokuthi kukhona imigoqo efana nale: owohlanga, owebala, owolwimi noma owomncele weZwe noma isifunda. Lemigoqo ingeze nakancane ibe yizaba zokuba umndenyana othile uthi wona uyingqwele phezu komunye. Kuphela umgoqo "onesisindo" esamukelekayo yilowo ophathelene nesiqu sobuntu nesomphefumulo — "ukuhlonipha u-Allah obunene". Nokho, nxashana omunye engenazo leziziqu lokho kungebe yisizathu sokumephuca amalungelo akhe obuntu emvelo.

---

## 4. UBUNYE BENKOLO

NgokweMfundiso yobu-Islam, umqondo wobuntu nakuba uyinto enkulu newudondolo lweSintu, kukhona lapho okuthi ngobufuphi bokudalwa ungafinyeleli khona. Ngakho-ke bonke ubuhlakani beSintu bungeze busiholele emaqinisweni okugcina nasesikhungweni sempilo ehlelelwe phezu kwalawo maqiniso. Kungakho isiyalu solwazi lweqiniso esisebangeni leSintu wukuHola okuvela ku-Allah qwaba Lomthombo ulokhu wagobhoza wasekudabukeni kwempilo yeSintu emhlabeni. UAllah ubathumele "abaProfethi" "nezi-Thunywa" Zakhe, Wabembulela ukuHola Kwakhe ukuba bakwabele iSintu. Ngesizathu sokuba ziphuma mthonjenimunye, zonke izinkolo eziyizambulo zazikaNye, okungukuthi zingubu-ISLAM.

AbaProfethi neziThunywa zika Allah zazilokhu zifika kumazwe ngamazwe nakuzizwe ngezizwe ukusebenza imisebenzi efingqiwe ezinqunyelwe yona. Izikhathi ngezikhathi ukuHola okuyisambulo kwalahleka noma kwagqwala ngenxa yokuba aBantu beSizwe ngasinye nabo sebethasisele owabo umqondo nombono. AbaProfethi abasha bathunyelwa ukuzovuselela nokuthasisela emithethweni eyayikhona, kwabanjalo-ke ukuba iSintu sithuthuke ebunganeni size sifike ebudaleni. Kwathi-ke nxashana sesifike ebangeni lobudala — nxashana iZizwe ngeZizwe sezingaba umndeni-munye **'nangokwenza** — esikhundleni sokuba zithunyelelwe ukuHola okubandlululayo

nokufingqiwe, Wathumela ukuHola ukungenasici, kokugcina, nokungaguquguqukiyo, kuyisambulo esingumkhondo weSintu esiphansi komthunzi welanga ngothi lwaso futhi esiyoma kuze kube phakade. Lesosambulo safika emva kweminyaka engamakhulu ayisikhombisa emva kwesambulo esafika noJesu Kristu. Lesosambulo **esiqinisela nesigcizelela zonke** izambulo ezasandulelayo, sibophe nefindo lobuNye beNkolo, ubuISLAM, uMbalo olondoloze lesisambulo yi-QURAN ENGCWELE, uMprofethi owathunyelwa naso nguMholi weSintu, uMUHAMMAD (uAllah ambusise!).

Kungakho bonke abaProfethi bakaAllah, kusukela kuAdam kwehle kuze kuNoah, Abraham, Moses noJesu (ukuThula akube nabo bonke!), babengamaMuslim. UmProfethi uMuhammad (ukuThula akube naye!) yena wayengowokuGcina nowokuPheta kubo. Njalo futhi yonke imiBhalo eNgcwele iyimBhalo yobu-Islam. Isizathu esibanga ukuba amaMuslim alandele kuphela iQuran eNgcwele yingoba yiyona yodwa equkethe uMbalo nanamuhla ocwebe ukucweba owawuyikho mhla wambulelwa iSintu kanti futhi iyona equkethe iNkolo yobu-Islam eselokhu yalandelwa yibo bonke abantu abaholeleka emkhondweni oyiwo kusukela mhla umuntu wokuqala eqala ukuphefumula kulomhlaba.

## 5. UBUNYE BESILISA NESIFAZANE

Ukwabelwa ngokwahlukene kwemisebenzi ngokobulili sekwenza ukuba ezinye iZizwe, emasikweni empucuko yazo, zithathe umuntu wesifazane ngokuthi yena wadalwa (enyameni nasemqondweni) ngensimbi engaphekekile, bese zibaphatha ngesandla esintula ubuntu ngenxa yalowo mqonjwana wazo. Ubu-Islam buwuphika buwulandule lomqonjwana. Bona bufundisa ukuthi isilisa nesifazane sakhiwa ngansimbi-nye njengoba futhi sindabukonye, ngakho-ke siyalingana ebuntwini baso. Ukuthi umsebenzi wabesilisa nabesifazane wahlukene kanti futhi nezinto ezingamagugu kusozahlukene akufanele kudale ukungezwani ngoba phela yindlela leyo izandla ezigazana ngayo. Ngakho-ke ubudlelwane bemvelo phakathi kwesilisa nesifazane, ezintweni zonke yilobo bothando, nenhlalakhle, okungathi uma kungekho lokhu ingabikho nenqubekela-phambili yeSintu nezinto zaso zonke.

## 6. UBUNYE BEZIGABA

Injongo yobu-Islam ukudala umndeni weSintu ongenazigaba, sisho izibaga zabantu nabantukazana, zezicebi nezimpofana. Lokhu buqonde ukukufeza ngokubhula u-mlilo ophenjwa ukhwezelwe wukuba yileso naleso sibaga sinezinjongo ezahlukile kwezesinye empilweni yazo.

Ezingeni lomcebo ubu-Islam bufundisa kabanzi ngokomcebo womphefumulo kanye nangomcebo wasezweni, okungukuthi (a) Umcebo womphefumulo yiwona osemqoka noyinjongo yobu-Islam. (b) Umcebo wase-zweni wona uyisidingo sempilo yalapha ezweni ophela kanye nayo. I-Islam ikholelwa ukuthi umcebo umuntu anawo akusiwona owakhe, kodwa uwubolekwe u-Allah, ukuba awubheke, futhi abele nabampofu (Zakaat).

Ezingeni lezindaba zoMbuso (zePolitiki) ubu-Islam bumele "INkatha yoBambiswano lwabaMele ukuLunga".

Ingqikithi yoMbuso wobu-Islam "wuMbuso weSondlo" (Welfare State) lapho amandla wonke ngokuphelele esezandleni zikaAllah qwaba, lapho kungekho-muntu onelungelo lokubusa abanye abantu ngaphandle kokuba ebabusela egameni likaAllah futhi ngokweNtando, lapho kungekho ngisho oyedwa weZakhaZwe, ngisho iKhanda loMbuso lodwa imbala, onamandla evile kulawo agunyazwe nanqatshiwe emthethweni. Ukuze uMbuso wokuLunga ufeze injongo yokuPhemba nokuHlumelela ukuLunga phakathi kweZakha-Zwe zonke ziyalingana phambi komthetho ngokwamalungelo azo.

## 7. UBUNYE BOMSEBENZI WESINTU

Ubu-Islam isiqu sobuntu somuntu busithatha ngokuthi "sifindo-linye", ngakho-ke

abuvumelani nomqondo wokuthi imfundiso "ngeZwe leNyama" ayihlangene ngakho-ke ayingahlanganiswa nemfundiso "ngeZwe lo-Mphefumulo". Bukubona lokho kungumqondo okukholelwa kuwo ngaphandle kwezizathu ezihlolisisiwe noma ezicubungulwe ngonomina, kungumqondo ongahluziwe, futhi ongubulima. Impilo yeMuslim — impilo yalo uqobo nempilo yalo ngokuphathelene nomndeni, iyimpilo ephilelwa u-Allah, uNkulunkulu yedwana.

## INKOLO YEQINISO

Isizalo sobu-Islam "yiQiniso", futhi zonke izimiso zobu-Islam ziphefumula wona umoya weQiniso. Akugcini ngokuba "iQiniso" libe yisisekelo soMthetho weMpilo yobu-Islam — isisekelo okuyisona siyinsika esimilweni seMuslim. Ngale kwalokhu, kwaAllah iQuran eNgcwele imbiza ngokuthi "uyiQiniso", noma "OyiQiniso", uMprofethi oNgcwele uMohammad (U-Allah ambusise!) yena imbiza ngokuthi "unguMthwali weQiniso", iQuran eNgcwele yona ibizwa ngokuthi "yiQiniso", bese kuthi indawo okuphumula kuyo abalun-gileyo emva kokufa ibizwe ngokuthi "yiSihlalo seQiniso".

## INKOLO YOKUZITHIBA

Ubu-Islam buyiNkolo engukuHlanzeka nokuziThiba Igcizelela kakhulu ngokuHlanzeka, hhayi-nje ukuhlanzeka komqondo nenhliziyo, njengoba nezinye iziNkolo zigcizelela, kodwa ubu-Islam bugcizelela nokuHlanzeka komzimba,

ngoba isisekelo sezisekelo zobu-Islam ukuthuthukisa isiqu sobuntu kumuntu. Kungenxa yalokhu ukuba benqabela ngokuphelele ubu-Islam ukuba kuphuzwe futhi kudliwe amanzi nokudla okungase kunga-binampilo, kube yingozi emzimbeni noma engqondweni, noma kukho kokubili lokhu. Ngakho-ke imiyalo yabo enqabayo ibanzi kangangoba ayidumbi kuphela izinto ezidakisayo, njengotshwala nensangu, nokunye, kodwa idumba nalokho kudla okukhubaza ukukhula okuphilileyo nokupheleleyo komuntu. Ngaphezu kwalokho, Imiyalo yokuziThiba yobu-Islam idumba imicabango emibi, ukukhanuka nezenzo ezimbi.

## INKOLO YOBUHLE

Ezinye iziNkolo ziyaweya ziwugxeka umhlaba nokuphilayo kuwo, zikwenza lokhu ngokuba zidumise izulu kuphela, ziphikise noma zigxeke nezinto ezinosizo oluyisisekelo sempilo yethu. Ubu-Islam bona abunjalo. Buyinkolo yokuGcwaliseka — ukugcwaliseka — kwenjongo ka-Allah ekupheni kwakhe iSintu amandla okucabanga nokwenza. INtuthuko yobuHle-ke iyinxenye yeMpilo yobu-Islam — nokho-ke yona leyo ntuthuko kufanele ivumeleke futhi ibuswe izisekelo zoMthetho wesimilo esinobuntu ngokobu-Islam. Enkolweni yobu-Islam umqondo ochumile nobusayo owokuthi konke ukwenza kweSi tu kuphefumula ubuhle — yebo, amazulu nomhlaba nawo enza njalo. "U-Allah", kusho uMprofethi oNgcwele uMuhammad (ukuThula akube naye) "Muhle, Uthanda lokho okuhle."

Ubuhle emcabangweni, emazwini nasekwenzeni, nobuhle bokwenza okwakhayo — konke lokhu kuyinjongo efezwa wubu-Islam.

Ubu-Islam buyavuma ukuba kwakhiwe noma kubunjwe noma kudwetshwe imifanekiso, kodwa leyo mifanekiso ingayeqi imincele ebekwe wuMthetho weMpilo yobu-Islam, imithetho eyondla umphefumulo nesimilo seMuslim. Nokho imifanekiso akufanele igabe ubungcweti obukhanga noma kanjani, kodwa kufanele kube ubungcweti obukhanga ngoba bugabe ngobuhle mayelana nomphefumulo, nesimilo nomzimba, ubungcweti obuchumisa ubudlelwane phakathi komzimba nomphe-fumulo — okuyisona sikhumulo seMpilo yeSintu.

## *INKOLO EHLAHLELA NGONONINA*

Ubu-Islam bufundisa ukuba umcabango uyisiphiwo seSintu esenza umuntu ehluke kuzo zonke ezinye izinto ezikhona phansi komthunzi welanga, futhi uyisiphiwo esiyivelakanci esasinikwa uAllah. IQuran eNgcwele igcizelela ngokuphindaphinda ukuba iSintu sisebenzise umcabango ohlahlela ngononina mayelana nezindaba eziphathelene nokuhlalisana kwaso, kanye nezezinto zemvelo eziyingqayizivele, nasekuqondeni injongo yazo nesisusa sazo, siholwe yiwo nasekwenzeni kwaso, ukuze kufezeke injongo yobu-Islam yokuba yilelo nalelo-Muslim "lizinqamulele ngokwalo" phakathi kokufanele nokungafanele.

Ngoba ubu-Islam buyiNkolo evuma ubuka izimiso namaqiniso aqukethwe yiyo aqale aphenywe ahlahlelwe ngononina kuqala, abuvumelani nakancane nenkinga enguku-khonza izithixo ezingaqondakali nezinga-qondwayo, nenkolo ephenjelwe phezu kwezimiso eziyInkinga ezishunyayelwa zamukelwe ngokholo olumpumputhe, zingasekelwe ngubufakazi naqiniso.

"INtuthuko yoMqondo", ngokubanzi, ingenye yezinto eziyigugu nesetshenzelwa ngeqholo yiSintu empilweni yeNkolo yobu-Islam. Empeleni ukuzuza nokwandisa noku-vuthwisa ulwazi kwenziwe kwaba yisibopho phezu kwalo lonke iSulumane lesilisa nesifa-zane nguMprofethi oNgcwele uMuhammad (INkosi imbusise!).

## *INKOLO YOKWENZA*

Ubu-Islam buphambene nalezo zinhlobo zenkolo ezifundisa ukuthi uSindiso IweSintu luyokuza ngendlela emafindofindo nengecha-zeke. Bona bufundisa ukuba wonke amafindo enkolo athukululeke ngokusobala,incazelo yawo (amafindo nezimiso) isekelwe ukucubungula nokuhlahlela ngononina, ukuze iSintu silandele-inkolo enegazi elichachambile. Kungakho ubu-Islam bufundisa ukuthi "INkolo" "noKwenza" yizelamani ezingehlukaniswe. Noma-phi lapho iQuran eNgcwele iphawula ngengwadla yosindiso IweSintu igagula uphawu "lokholo olulungileyo", nokwenza okulungileyo", igcizelele ukuthi ukwenza okulungileyo kuzalwa wukukholwa okulungileyo.

## INKOLO YOSINDISO KULELI NAKWELIZAYO

Kunguphawu olwenza ubu-Islam bubengu-"Simayedwa" phakathi kwezinkolo ukuthi abugcini ngokuzikhathaza ngoSindiso lweSintu nxa sekungaphesheya kwengcwaba — uSindiso eZweni elizayo — kodwa bunakekela kakhulu — eqinisweni busebenzela — uSindiso lweSintu kuleli esiphila kulo MANJE. Ukuze kufezeke loluphawu lwabo bendlala uMkhondo obanzi wokuHola ohlinzeka ubunene besimilo, inqubekela-phambili enhlalweni yomndeni weSintu, ukudla ngakhezo-lunye emcebeni, nombuso owanelisayo — ngokufuphi, konke okuswelekile ukuba iSintu sizuze ngokubona-kalayo injabulo nenhlalakahle empilweni yalomhlaba kanye nokuthuthuka kweSintu ezintweni zaso zonke.

## INKOLO YOMPHEFUMULO OZIBUSAYO

Ubu-Islam bumele ubudlelwane obungenabukhongi — ukukhongelwa nokukhonzelwa isigaba sabafundisi — phakathi kukaNkulunkulu neSintu. Ngakho-ke lonke iSulumane lesilisa nelesifazane lingumfundisi noma umfundisikazi walo.

Kuyiphutha ukuthatha abaHoli bomthandazo enkonzweni yamaMuslim ngokuthi bangabafundisi ngoba noma yiliphi iMuslim loqoba elibaziyo ubu-Islam lingahola

emthandazweni. AbaHoli labo bona bafane-nje bayizifundiswa nezingcweti zeMfundiso noLwazi ngobulslam, futhi bafane-nje befeza umsebenzi ongumthwalo wawowonke amaDodana namaDodakazi oMndeni wobuDlelwane bobu-Islam. Ngoba, injongo yobu-Islam ukuba yilelo Muslim lesilisa nesifazane libe yingcweti yemfundiso yabo, kungabi njengokosiko lwezinye izinkolo, njengobu-Hindu, lapho abanelungelo lokubazincweti kungabesigaba seNdlu yama Brahmin qwaba.

## *INKOLO YOBUDLELWANE*

Ubu-Islam buhlwanyela buchumise uthando lwemvelo edalwe nguAllah jikelele, ikakhulu umndeni weSintu. "Ongcono kunani nonke yilowo ongcono emndenini kaAllah (okungukuthi, iSintu), "kusho uMprofethi oNgcwele uMuhammad (UAllah ambusise!). Ubu-Islam bufundisa ukuthi iSintu singumndeni-munye, ngaphakathi kwalomndeni busekela futhi busebenzela "ubuDlelwane bamaDodana namaDodakazi oMndeni wobu-Islam", ngaphakathi kwawo okungekho kucwasana nakubandlululana ngomgoqo wesigaba, wohlanga, webala, wolwimi noweZwe-konke lokhu kugutshuzelwa kushatshalaliswe wuthando olungaphakathi kwalomndeni, lomndeni oklanyelwe wajutshelwa indima yokuba ubeyisi Thunywa, noMphathibaqa wokuHola okuNgcwele phakathi koMndeni weSintu jikelele.

Ngaphezu kokwendlala uMkhondo wezimiso zobudlelwane okufanele zigcinwe yilabo abangaphakathi koMndeni wobu-Islam, ubu-Islam futhi buhlahla indlela yoThando kwiSintu ehola amaMuslim ekusebenzelaneni kwawo nomndeni weSintu jikelele kodwa ongaphandle koMndeni wobulslam.

## *INKOLO "ENGENAMPOQO"*

Nakuba ubu-Islam buvuma ukuthi uMbuso wobu-Islam uthathelane izikhali kungenqandeke futhi nembangela yempi kuyizizathu eziqondakalayo nendlela okuliwa ngayo kungeyona yesihluku, buyenqaba ukuba kuhlushwe abangewona amaMuslim ngenxa yeNkolo yabo. "Ayikho impoqo enkolweni", iQuran eNgcwele ikwenza lokhu kube umthetho ocacileyo. Umsebenzi weMuslim ukuba libe yesisebenzi esiyimbiliso yenguquko eya ekuthuthukeni nakwinqubekela-phambili. Ungefezeke lomsebenzi wokuba "yimbiliso" ngaphandle kokuba usekelwe uthando oluchichimayo olwazisa sonke iSintu.

## *INKOLO YOKUBUSISEKA KOMSEBENZI*

Enkolweni yobu-Islam wonke umsebenzi ongenabuqili ubusisekile futhi uwudondolo lokuya kwinqubekelaphambili. "Ngoba iSintu asilutho ngaphandle kwalokho esikusebenzelayo nesikulangazelayo", kusho iQuran eNgcwele, futhi "Nesisebenzi siyathandeka

kuAllah" kusho uMprofethi oNgcwele uMuhammad uAllah ambusise!). Ngakho-ke "ubuvila" buyisono kanti "ukukhuthala" kuyiqholo ngokobu-Islam.

## *IQURAN ENCGWELE: UMKHONDO WEZIMISO NGOKWEMVELO*

ISisekelo sobu-Islam sokuthi "iMfundiso ngeZweleNyama" ingehlukaniswe "neMfundiso ngeZwe lo-Mphefumulo" sidala isidingo sokuba kubekhona uMkhondo weZimiso — uMkhondo ohlahlelela iSintu indlela yokuhlangabezana nengwadla yemvelo nemininingwane yayo uMkhondo okungathi nxashana ulandelwa ukwazi ukuguqula noma yikuphi ukwenza kweSintu, noma ngabe lokokwenza kunobuthakathaka bobuntu, kube nobunene bokholo: ubu-Islam, ngephimbo leQuran eNgcwele, businikile iSintu uMkhondo onjalo.

## *UMUHAMMAD: ISIQONGO SOBUNENE*

Ukubakhona koMkhondo nje uzimele wona wodwa ngokwawo kungeze kwakhwezela kukhuthaze iSintu ukuba senze okulungileyo. Ngakho-ke **ukumthanda** uMprofethi oNgcwele uMuhammad (uAllah ambusise!) ngaphezu kwabobonke abantu abazelweyo nazo zonke izinto ezidaliweyo zomhlaba, **ukukholelwa kuye** ukuthi uyisiBonelo esiyisiQongo sobuNene umuntu ozelweyo angase afinyelele kubo nokuthi unguMholi oPhelele noMnene

nokukholelwa futhi ukuthi ungowokuGcina nowokuPhetha kubaProfethi (ongaseyikuphinda elanywe mprofethi wasigaba noma siphi), **nokumladela** "njengesiBonelo esiNgcono kunazozonke ezinye" — lokhu yikhona okuyisiqalo okufanele sifezwe kuqala ekwamukeleni inkolo yobu-Islam.

## *UTHANDO LUKA ALLAH*

Ukuhlwayela nokwamukela uthando lukaAllah, inhliziyo ize ichi'chime umzwangedwa wobunandi balololuthando, umuntu aze afike ebangeni lapho angeze nakancane azivumele ukwenza okuphambene neMiyalo eNgcwele, yisikhungo sokuGcina nesokuPhetha ezinjongweni zeNkolo yobu-Islam. Yilesisikhungo esabela iMuslim "uku-Phila okuPhakade" — ukuphila okuMnene, koXolo nokokuThokoza.

## *UKUFUNDA NGEZIMANGA ZEMVELO: KUYISIBOPHO SOKHOLO*

Nakuba ezinye izinkolo zimanqikanqika, zihloniza ukufunda nokufundisa ngeziManga zeMvelo, iNkolo yobu-Islam yona ikwenza kubeyisibopho sokholo ukucisha ukomela lemfundo ngokuba ifundiswe. Nokho izinjongo zokucisha lolonxano akulona elinobulwane bokuzithokozisa ngokwenyama nokugqilaza abanye abantu, kodwa zingezokuhlumelela nokwandisa uthando lukaAllah, kube yilona olubusa inqubekela-Phambili yokwazi imiSebenzi Yakhe nasekusebenzeleni iSintu ukuze sibe amandla phezu "kwezinkinga zemvelo".

## *IZINSIKA ZOKUQALA ZOKHOLO NEZENZO*

IsiVumo soKholo sobu-Islam silula njengoba umqondo othuthukisa inkolo yobu-Islam ujulile. Nazi izinsika zokuqala zayo:

### 1. IZIMISO ZOKHOLO EZIYISIKHOMBISA

Ukukholelwa:
(a) Ku-Allah (uMvelinqangi);
(b) Ezingelosini zika-Allah.
(c) Kuwowonke amabhuku ka-Allah, okungukuthi iKhurani engcwele ingeyokugcina nemsulwa.
(d) Ezithunyeni zonke zika-Allah ezinjengo Adam, Mosi, nabanye, kanye noJesu sigcine ngo-Muhammad (Ukuthula makube nabo)
(e) Osukwini lovuko kwabafileyo.
(f) Osukwini lokwahlulelwa.
(g) Umthetho we-Islam othi amandla okwenza utho avela ku-Allah kodwa yilowo nalowo uyoziphendulela ngezenzo zakhe.

### 2. IZINSIKA EZINHLANU

Nazi:
(a) Isivumo sokholo esithi: La ilaha illAllah Muhammad-ur-Rasul lullah (akukho lutho olunokukhonzwa ngaphandle kuka-Allah, uMuhammad uyisithunywa sika-Allah.
(b) Umthandazo oyimpoqo kahlanu ngelanga.
(c) Ukuzila ngenyanga yama-Muslim kaRamadan.

(d) Zakaat — umnikelo wababampofu kanye ngonyaka.
(e) Hajj — (uhambo olubheke eMekka, kulowo onamandla.

## ISIBOPHO PHEZU KWESINTU

*IGAMA ELITHI "ISLAM LISHO*

UkuThobela iNtando eNgcwele nokuHola okuNgcwele: ukuhamba ngokwemi-Thetho eNgcwele.

*IGAMA ELITHI "MUSLIM" LISHO*

Lowo othobela iNtando eNgcwele.

*KONKE OKUSEMHLABENI NASEMAZULWINI KUNGAMA-MUSLIM*

Ngoba kuthobela iziMiso eziNgcwele futhi kuhambe ngokwemiThetho eNgcwele: imiThetho yeMvelo.

*NJENGOBA WONKE UMUNTU ENONEMBEZA WAKHE WESIMILO, EKHULULEKILE UKUBA AZIQOKELE, NJALOKE WONKE UMUNTU*

Uphoqekile futhi ngokwemvelo ukuba athobele uMthetho oyisambulo kaAllah abe yi-Muslim.

## LEZIZIFUNDISWA AZIKHOLELWA KUBU-ISLAM, KOL .VA ZITHI

"Phakathi kwezimiso iSintu esikholelwa kuzo ukuthi zingase zisidonsele esikhungweni soMkhandlu weziNhlangajikelele, ezobu-Islam

yizona ngokwequiniso ezisondele ngaphezu kwazo zonke ezinye kulelifindo; uMkhandlu weZizwe owasungulelwa phezu kweNkolo kaMuhammad uqikelela ukuhlumelela isisekelo sokulingana kwazozonke izinhlanga ngokuqinise kangangoba eminye imindeni ifumaniseka isehlazweni."

— Prof. SNOUCK HURGRONJE,
(EZweni lobu-Islam Namuhla)
— "MUSLIM WORLD TODAY"

"Naerrisch, dass jeder in seinem Falle
Seine Besondere Meinung priest!
Wenn Islam Gott ergeben heisst,
Im Islam leben und sterben wir alle."

(It is lack of understanding that everyone praises his own special opinion; (for) Islam means submission to God and in Islam we all live and die.)

(Kubangwa wukungazi ukuba wonke uwonke aveze umqondo wakhe othile; (ngoba) ubu-Islam busho ukuthobela intando ka Nkulunkulu, kubo ubu-Islam siphila sifele khona.)

— GOETHE

## *AMANYE AMAGAMA ASETSHENZISWAYO ESI-ARAB*

BISMILLAH — Egameni lika-Allah
IMAN — Ukholo
TAKWA — Ukwesaba u-Allah
SWALAAT — Ukuthandaza ngendlela yokuwaphansi ngobuso.
DU'A — Ukucela ku-Allah, kuzozonke izidingo zakho.
JAZAKALLAH — Ngiyabonga ku-Allah.
INSHA-ALLAH — Uma u-Allah evumile.
ASTAGFIRULLAH — Ngicela u-Allah angithethelele.
ASSALAMU ALAI KUM — Ukuthula makube nani (nawe) (Isibingelelo).
WA ALAI KUM ASSALAM — Ukuthula makube nani (nawe) futhi. (Impendulo).

بِسۡمِ ٱللَّهِ ٱلرَّحۡمَٰنِ ٱلرَّحِيمِ

وَٱلسَّٰبِقُونَ ٱلسَّٰبِقُونَ ﴿١٠﴾ أُوْلَٰٓئِكَ ٱلۡمُقَرَّبُونَ ﴿١١﴾ فِي جَنَّٰتِ ٱلنَّعِيمِ ﴿١٢﴾

(سورة الواقعة)

## اللهم اجعلهم من السابقين

**ندعوكم أيها الأخوة أن تتوجهوا بهذا الدعاء إلى الله تعالى أن يجعل الأخوة الذين ساهموا فى طبع هذا الكتاب من هؤلاء السابقين .**

**In the name of Allah, Most Gracious, Most Merciful.**

And those Foremost (in Faith) will be foremost (in the Hereafter) (10) These will be those Nearest to Allah (11) In Gardens of Bliss (12).

**Sûrah 56. AL-Wāqi'a**

**"O Allah make them of those who are foremost"**

This prayer is for our brothers who contributed in printing this book .

---

Conveying Islamic Message Society (CIMS) is an extension for the activity of Conveying Islam Center, which was established in 1929 by Eng. Mohamed Tawfik Ahmed (May Allah have mercy upon him).

Conveying Islam Center kept spreading Islam with wisdom and beautiful preaching all around the world throughout a period of 60 years causing thousands of foreigners of different nationalities to convert to Islam.

Then Conveying Islamic Message Society was established in 1974. It is licensed by the Ministry of Social Affairs under the registration number (536) playing the same role as the Conveying Islam Center concerning acquainting the world with Islam's principles through books and pamphlets in different languages and answering Islamic questions and inquires with the help of the scholars of Al -Azhar.